basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL ASSESSMENT

# MOTHER TONGUE-BASED BILINGUAL EDUCATION (MTbBE): NS & TECH

# TERM 3 EXEMPLAR: 2025

## IBANGA 4

| | |
|---|---|
| Isifundo: | Isayensi Yemvelo neThekhnoloji |
| LoLTA: | IsiZulu |
| Amamaki: | 30 |
| Isikhathi: | Ihora eli-1 **ngaphandle** kwemizuzu eyi-15 yesikhathi sokufunda |

**Isibongo:** ________________________________ **Igama:** ____________________

**Ikilasi:** _________ **Igama lesikole:** ____________________________________

**Isifunda:**______________________________________________________________

**Lesi sivivinyo sinamakhasi ayi-11 ngaphandle kwalelikhasi elimbozile.**

**Imiyalelo kumfundi**

1. Uzonikezwa imizuzu eyi-15 yokufunda ngaphambi kokuphendula lesisivivinyo.
2. Uthisha uzokulekelela ukwenza umsebenzi wokuzijwayeza.
3. Funda yonke imiyalelo nemibuzo ngokucophelela.
4. Phendula yonke imibuzo.
5. Bhala ngobunono nangokufundekayo.
6. Ungasebenzisi ikhalkhuleytha.

**Umsebenzi wokuzijwayeza**

Indlela yokuphendula umbuzo onezimpendulo ozikhethela kuzona nokulungisa iphutha.

2. Zingaki izinsuku evikini?

A 2

~~B 5~~

C 7

D 31

Uma wenze iphutha ngokukokelezela uhlamvu B, dweba umugqa ku- B kanye nempendulo yakhe. Bese ukokelezela uhlamvu C okuyimpendulo eyiyonayona.

**ISIGABA A**

Kokelezela uhlamvu olunempendulo okuyiyonayona kusukela embuzweni 1.1 – 1.9.

1.1 Iyiphi incazelo okuyiyonayona ye-eneji? I-eneji yinto...

A engasetshenziswa iphele.


B esisiza ukuthi senze umsebenzi.


C ebonakala njalo.

D etholakala ezintweni eziphilayo kuphela. (1)

1.2 Yisiphi isithombe esikhombisa ukusetshenziswa kwe-eneji?

A 

B 

C 

D  (1)

1.3 Khetha uhlu olulungile lokudluliswa kwe-eneji (energy transfer) kokulandelayo.

A utshani → iLanga → inkomo → umuntu

B ILanga → utshani → inkomo → umuntu

C inkomo → iLanga → utshani → umuntu

D ILanga → inkomo → utshani → umuntu (1)

1.4 Isithombe sikhombisa umfana ekhahlela ibhola.



*Source:https://clipart-library.com/2023/soccer-player-kicking-the-soccer-ball-clipart-56827547.jpg*

Ibhola linaluphi uhlobo lwe-eneji uma lisemoyeni?

A I-eneji yokushisa

B I-eneji yokunyakaza

C I-eneji yokukhanya

D I-eneji yomsindo (1)

1.5 Hlonza umsuka we-eneji (energy source) okhiqiza i-eneji uma ushiswa.


A Ugesi

B Ukudla

C Ibhethri

D Amalahle (1)

1.6 Isithombe sikhombisa umfana eshova ibhayisikili.



Iyini i-inphuthi (input) kanye ne-awthphuthi (output) eneji uma ushova ibhayisikili?

A Inphuthi: I-eneji yokunyakaza. Awthphuthi: I-eneji yomsindo

B Inphuthi: I-eneji yokushisa. Awthphuthi: I-eneji yokunyakaza

C Inphuthi: I-eneji egciniwe. Awthphuthi: I-eneji yokunyakaza

D Inphuthi: I-eneji yokunyakaza. Awthphuthi: I-eneji yokukhanya (1)

1.7 Uzwakala kanjani umsindo uma ushaya isigubhu kakhudlwana?

Umsindo uzwakala …


A uphezulu.

B uphansi.

C ushesha.

D upholile. (1)

1.8 Lesi sithombe sikhombisa insimbi yomculo eyaziwa ngokuthi uhabhu.



Uhabhu liwukhiqiza kanjani umsindo?


A Ngokushaya (hitting)

B Ngokufutha (blowing)

C Ngokuplakha (plucking)

D Ngokushukuza (shaking) (1)

1.9 Buka isithombe somntshingo (flute) bese uphendula umbuzo olandelayo.



Kwenzekani uma uvala futhi uvule izimbobo zomntshingo ngenkathi uwufutha?

A Izingxenye zawo ziyeka ukudlikiza (vibrate).

B Kuba nzima ukuwufutha.

C Kuba nzima ukuwubamba.

D Umsindo uyashintsha. (1)

Qondanisa amagama akuKholamu A namagama ahambisana nawo akuKholamu B ngokudweba imigqa.

| | iKholamu A |
|---|---|
| 1.10 | Umsuka (source) we-eneji yokushisa |
| 1.11 | Ukufutha |
| 1.12 | Ithoshi |

| iKholamu B | | |
|---|---|---|
| A | Icilongo (trumpet) | (1) |
| B | I-eneji yokukhanya | (1) |
| C | Oshukushuku (Shakers) | (1) |
| D | Umlilo | |

Phendula ezikhaleni ezinikeziwe kusuka emibuzweni 1.13 – 1.20.

Nikeza ithemu EYODWA esitatimendeni ngasinye kulezi ezilandelayo.

1.13 Umsuka omkhulu (main source) we-eneji.

Impendulo: ____________________________________________ (1)

1.14 Uhlobo lwensimbi yomculo ekhiqiza umsindo ngokuplakha.

Impendulo: ____________________________________________ (1)

1.15 Ithebula likhombisa ithoshi kanye ne-inphuthi eneji. Qedela izimpendulo ezishodayo ku-a) naku-b). (2)

| **Idivaysi** | **I-inphuthi eneji** | **I-awthphuthi eneji** | **Esikuqaphelayo** |
|---|---|---|---|
| **Ithoshi** | I-eneji egciniwe kwibhethri | a)____________ | b)______________________<br>______________________ |

1.16 Chaza ukuthi izilwane ziyithola kanjani i-eneji evela eLangeni.

Impendulo:

____________________________________________________________

____________________________________________________________ (2)

1.17 Sebenzisa amagama asebhokisini ukuqedela inkombakulandelana ye-eneji (energy flow diagram).

| Intethe (Locust), Ixoxo, ILanga, Amaqabunga |
|---|

ILanga ⇨ ________ ⇨ Intethe ⇨ ________ (1)

1.18 Nikeza i-aplayensi EYODWA eshintsha i-eneji egciniwe ibe i-eneji yomsindo.

Impendulo:

______________________________________________________________ (1)

1.19 Hlukanisa (differentiate) indlela okukhiqizwa ngayo umsindo phakathi kwezinsimbi zomculo ezingamaphikhashini (percussions) kanye nezomoya (wind instruments).

Impendulo:

______________________________________________________________ (2)

______________________________________________________________

1.20 Shono ukuthi insimbi yomculo ebonisiwe ingeyesimanje noma eyendabuko.



*Source: www.thunderboltkids.co.za/Grade4/03-energy-and-change/chapter3.html*

Impendulo:


______________________________________________________________ (1)

**(23)**

**SECTION: B**

Circle the letter of the correct answer for questions 2.1 – 2.3.

2.1 The picture shows a boy blowing a vuvuzela.




*Source: Shutterstock.com*

Which of the following is an effect of noise pollution?

A Stress

B Peaceful sleep

C Happiness

D Calm (1)

2.2 The picture shows different objects that produce noise pollution.



*Source: https://za.pinterest.com>innocentiamnisi84>noise-pollution*

What is noise pollution?


A Harmless sounds that are produced by musical instruments.

B Sounds that make people and animals relax and enjoy music.

C Unwanted sounds that can harm people and animals.

D Sounds that cannot damage our ears and human health. (1)

2.3 Vibrations are rapid back and forth movements. They can be heard, felt and can send energy outwards and make particles in their surroundings vibrate.




*Source: teachengineering.org/activities/view/cub_energy2_lesson05_activity2*

How does the sound travel to the girl's ears? Through the …

A dog's mouth.

B empty space.

C girl's skin.

D air particles. (1)

Answer questions 2.4 – 2.6 on the spaces provided.

Provide ONE word for each of the following sentences.

2.4 The word that describes how high or low a sound is.

Answer: ______________________________________________ (1)


2.5 What must a person do so that a flute produces sound?

Answer: (1)

________________________________________________________

2.6 Study the graph and answer the questions.

The graph shows the amount of water which is in bottles of the same size and type, to make a water marimba. A pencil is used to tap the bottles, making different notes or sounds.




2.6.1 Which bottle produces a high pitch? (1)

Answer:

______________________________________________

2.6.2 Give a reason for the answer you provided in 2.6.1. (1)

Answer:

______________________________________________

**Isamba: [30]**

**Ukuphela kwesivivinyo**